IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

07/2015 Intshumayelo ngosuku lokukhumbula ukusokwa kweNkosi, ngomhla ka 01. 01. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lolusuku, lithi: "Ngokuba iNdodana yomuntu izé emhlabeni ukufuna nokusindisa okulahlekileyo", Luk. 19:10.

1. Iculo 64/60

2. **Imikhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga. Sibonga umusa wakho omkhulu osithwalile ngawo kuze kube namuhla. Siyabonga lelithuba elihle lokukhuluma nawe. Siphe amandla okukulandela wena nakulomnyaka omusha ngentokozo nangenhliziyo yonke ukuba sithele izithelo zokukholwa, ngoJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

Nkosi Jesu Kristu, namuhla siyakhumbula ukuthi wazinikela phansi komthetho ukuba usihlenge kuwo. Siyacela kuwe ukuba usisize ukuba sikwethembe, sazi ukuthi nguwe osihlengile ezonweni zonke, nasekufeni, nasemandleni kaSathane, nasentukuthelweni kaYihlo eyambuliwe emthethweni wakhe. Mawusize ukuba sikwethembe ukuthi nguwe osihlengile ukuba sibe ngabakho, sikuphilele, sikukhonze nakulomnyaka omusha ka 2015. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe kuGen. 17:1-8.

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseGalathiya 3:26-29;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Luka 4:16-21.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 63/59

6. Umkhuleko: Ake sikhuleke, sithi: Nkulunkulu Mninimandla onke, Baba osezulwini, wayenza iNdodana yakho ezelwe eyodwa ibe nguMsindisi wesintu sonke, nokuyinika igama eliyiGugu impela, uJesu, mawusabele ngomusa wakho ukuba thina esikhonza kuwe emhlabeni egameni layo sibambelele kuyo ngokhukholwa yiyo ehlezi ngakwesokunene sakho ezulwini. Amen.

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuk. 2:21, lithi: "Kwathi seziphelile izinsuku eziyisishiyagalombili zokuba umntwana asokwe, igama lakhe lathiwa uJesu, elaliqanjiwe yingelosi engakathatshathwa esiswini." Amen

8. Intshumayelo: Bangane beNkosi yethu uJesu Kristu enithandekayo, namuhla emhlabeni wonke sebevalelisile umnyaka odlule ngokuqala umnyaka lowo omusha wezinkulungane ezimbili niminyaka eyishumi nezihlanu. Kuyisikhathi sokuqala okusha, noma kuzothatha isikhashana ukuzijwayeza ngalokhu okusha. Kuyisikhathi sokuya phambili, noma okudala kusasinamathele,

noma kusasinamathele ekukhumbuleni kwethu, noma kusekhona okungakalungiswa, noma ukulinyazwa nobuhlungu obungakelashwa. Abathile basalindele ukugcwaliseka kwamaphupho amadala, noma izithembiso abathenjiselwa ngazo. Okomnyaka omusha kusipha nje ithuba lokuqala ngokusha. Kukho konke ngiyanifisela nonke umnyaka we2015 omusha obusisiweyo impela. Mawube umnyaka wezibusiso kini ogcwele ukuthuthuka phansi kwomusa nobubele kaNkulunkulu uMthathwemunye, onguYise neNdodana noMoya oNgcwele. Ukuthula kwakhe nomusa nobubele makuniphelekezele namuhla nasezinsukwini emnyakeni omusha, nasesikhathini sempilo yenu nonke.

Namuhla siyagubha umkhosi omunye futhi ngokukhumbula okwenzekile kanye kuphela. Kungumkhosi impela, angisho iholide nje njengosuku lwabo onina, noma oyise, noma lwabasha noma olwezisebenzi, ngisho umkhosi ongumkhosi ongcwele, usuku olufakazela inhloso kaNkulunkulu ayihlosayo ngesintu, olulusuku uNkulunkulu uNkulunkulu enzile isibonakaliso nesimangaliso sokulungisela abantu bonke bomhlaba insindiso. Kungokuhlukene nohlelo lwakhe lokudala izwe, ngisho okuhlukene nakho okwenzeka ngosuku nangosuku ngezibusiso ezimangalisayo zikaBaba osezulwini onomusa ngokwabela ababo nabalungileyo imvula, noma unika ukuba abantu bonke bakhanyiselwe ilanga ngezinsuku zonke. Qha-ke, namuhla siyakhumbula ukuthi kwenziwe okungaphandle kwezinhlelo zezwe, okuhlangene, okuqondene nentando yakhe yothando olukhulu lokusindisa bonke abantu ebubini, ekufeni, esonweni nasemandla kaSathane, nokufinyelela ekulazini iqiniso elisindisayo. Kulusuku njengezinsuku zonke iKerike elikhumbula ngazo imisebenzi kaNkulunkulu emikhulu, eyimisebenzi emangalisayo elungiselwe isinto ukuba sisindiswe ngamasu omusa, ngezwi lakhe lentethelelo, namasakramente abele insindiso ngentethelelo egameni likaKristu.

Enyakatho ikerike lobuKristu ligubha uKhisimusi ngesikhathi sokuphenduka kwelanga, liqale futhi ngokushesha ukuhlaba, nokulibala ngokushona, njengalapha kini eningizimu kwenzeka ngoJune. Kwakhethwa December 25 kube usuku lokukhumbula ukuzalwa kweNkosi ukuba kukhonjwe ukuthi kuqaliwe futhi phesheya enyakatho ukuwanda kokukhanya kosuku nokuncipheka ubunyama bobusuku. Kuyisifakazelo esifakazelayo nokwanda kokukhanya ngokukhumbula ukuzalwa kweNkosi enyakatho. Ngenxa yobunye bekerike nathi eningizimu sigubha umkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi ngoDecember 25, ngoba kuhle ukwenza okobuKristu ngokuvumelana, noma kithi akufakazelwa ukwanda kokukhanya ngokuhamba komnyaka kithi. Siyazi ukuthi asikwazi ukuphawula ngokwempela ukuthi uJesu wazalwa ngomhla ka 25 December, usuku lolu lukhethiwe eNyakatho ukuba kufakazelwe ukuthi ngokufika kukaJesu Kristu kuyanda ukukhanya phakathi kwabantu. Futhi lolusuku olukhethiwe luyenza ukuba sibe namaviki amane esikhathi seAdvente sigubhe umkhosi wokukhumbula ukuzalwa kwakhe,

iNdodana kaNkulunkulu yamukela ubuntu ngokuzalwa nguMariya, njengoba ukwamukela ubuntu kwayo kuyinto enkulu kangaka, siyathola ithuba lokukhumbula lesisimangaliso kuqala ngesonto 1 esikhathini seAdvente kuze kube esontweni lokugcina esikhathini sePhifaniya, uma sikhumbula ukukhazimuliswa kweNkosi ukuba sikhumbule nawo onke lamaviki ukuqala kwemisebenzi kaKristu emhlabeni.

Kanjalo kuyabonakala kulesisikhathi sikaKhisimusi esihlanganisa isikhathi seAdvente nesePhifaniya siyasondezwa esikhathi sePhasika nokuhlushwa kweNkosi yethu. Kulesisikhathi kuyakhunjulwa umlando ngaphezu komlando ngabelusi, nesimemezelo sengelosi, ukubonakaliswa kwenkanyezi empumalanga nomlando ngabo abebeqhamuka khona, nokubalekela eGibithe nokubulawa kwabantwana baseBetheleme nokubuyela eNazaretha, nokusebenza kukaJesu noyise emsebenzini wokuba umbazi wamapulangwe, aze aqale ukuzibonakalisa sobala, ebhapathizwa nguJohane umbhapathizi eJordane, nokulingwa kwakhe nguSathane ehlane, umshado waseKhana, nemisebenzi yakhe yokuqala yokuphulukisa, nezimangaliso ezinye, nokushumayela kwakhe, aze akhuphukele eJerusalema, wazi ukuthi eJerusalema umelwe ukuhlushwa nokubethelwa esiphambanweni. UNkulunkulu makabongwe ngokuthi sinamasonto ukuba silalele imilando yonke leyo elotshiwe ukuba nathi sikholwe nguJesu lowo wase Nazaretha, onguMsindisi noMhlengi wezwe, iWundlu ngokwempela elathwala izono zezwe, eyiNkosi noNkulunkulu wethu.

Namuhla sekulusuku lokuqala lukaJanuary 2014, usuku lwesishiyagalombili emva komkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi. Yikho okwenza ukuba ikerike lobuKristu likhumbule namuhla ukusokwa kwengane uJesu okungukusokwa okungcwele kakhulu, njengalokhu sizwile ngevangeli elilotshiwe nguLuka ongcwele ukuthi: "Kwathi seziphelile izinsuku eziyisishiyagalombili zokuba umntwana asokwe, igama lakhe lathiwa uJesu, elaliqanjiwe yingelosi engakathatshathwa esiswini." Qaphela ukuthi iNkosi yethu uJesu Kristu owaye iNdodana kaNkulunkulu kwase kuqaleni kungakadalwa izulu nomhlaba wazalwa abe ngumuntu uqobo kuMariya ohloniphekileyo phezu kwabesifazane, eyintombi ngokuthatshathwa ngoMoya oNgcwele - ubuNkulunkulu bakhe bungaxutshaniswanga, bungahlukaniswanga nobuntu bakhe kuye, enguye oyedwa owazalwa engenasono, engesiso isoni, owaphila ngobungcwele esikhathini sonke sempilo yakhe. Kanjalo ugqobo lwesibili lobuNkulunkulu lwalalela intando kaYise ngokuthembeka okukhulu, engeqi noma umyalelo owodwa kaYise, wamlalela kuze kube sekufeni kwesiphambano. Esiphambanweni uJesu wahlushwa esikhundleni sethu ukusilungisela insindiso epheleleyo. Ngokulalela kwakhe nokuphila kwakhe ngobungcwele wagcwalisa umthetho kaNkulunkulu nentando yakhe washwelezela ulaka lukaYise, nokugcwalisa okwabizwa nguMahluleli wasezulwini ngokulungisela isintu sonke ukuthula, nomusa kaNkulunkulu. Yikho okwenza ukuba igama lakhe libizwe ngokuthi uJesu, njengoba enguMsindisi wezwe lonke. Wathunyelwa lokho ngokuzalwa unina wakhe ongcwele eBetheleme.

Yiso isizathu sokuba asokwe ngosuku lwesishiyagamobili sekuphelile izinsuku eziyisishiyagalobili esezelwe, ngokuba ukusoka owesilisa ngosuku lwesishiyagalombili kwakungumthetho kaNkulunkulu kwabakwaIserayeli ngesandla sikaMose ngesikhathi seTestamente elidala (Gen. 17:10-14). Ngokunjalo uJesu wachitha amaconsana okuqala egazi lakhe elingcwele njengokushokomthetho ongcwele kaNkulunkulu, nokugcwalisa umthetho ngokuphelele, wakwenza lokhu ngenxa yokusilungisela intethelelo yezono zethu zonke esikhundleni sethu. Esiphambanweni wasithululela igazi lakhe lonke ngenxa yethu nokusindiswa kwethu ukuba sibe nokuthula noNkulunkulu, sihlale phansi komusa wakhe kuze kube phakade. Ngakho lokhu sihlaba iHubo kanye nomqambi walo, sithi: "Oh Nkosi, Nkulunkulu wethu, igama lakho lidunyiswa kanjani emhlabeni wonke? Umuntu uyini ukuba umkhumbule, neNdodana yomuntu isivakashele? Wena, Nkosi, unguBaba noMsindisi wethu. Igama lakho limi kuze kube phakade. Kanjalo ngiyakudumisa ngisaphila. Ngiphakamisa izandla zami egamani lakho. Amen.

9. **Imikhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, othobisile iNdodana yakho ukuba abe phansi komthetho wokuba ehlushwe ngokusokwa enyameni yakh. Yebo, wenzile ukuba asokwe ngosuku lwesishiyagalombili ukuba angeqi umthetho wakho. Kanti uzele ukuwugcwalisa, mawusize ngokusivikela kuzo izedukiso zengqondo nenhliziyo zethu ngamandla omusa weNkodana yakho, usabele ukusokwa kweqiniso ngoMoya wakho ukuba izinhliziyo zethu zihlanzwe kuzo zonke izifiso zezono ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho iNkosi yethu ephila ebusa kanye nawe noMoya wakho ongcwele, wena Nkulunkulu oyedwa manje naphakade. Amen.

Nkululunkulu othandekayo, Mbusi noMvikeli wabo bonke abakwethembayo, okungaphandle kwakho kungekho lutho olungaba namandla, noma nobungcwele, mawandise umusa wakho kithi ukuba siphumelele ukuhamba kukho konke okwalesisikhathi siphelekezelwa nguwe onguMbusi noMkhomba indlela wethu, singalahlekelwa lutho lwakho konke okuphakade. Sicela kanjalo ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu ophila, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu oyedwa manje naphakade. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 65/61

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. P. P. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.